ILANGA LASE NATAL

Olwesibili, March 26, 1920.

INKUNDHLA YENDHLU EMNYAMA ePARLAMENDE.

NTAMBAMA ngolwesiHlanu oludhlo uLord Buxton, uGovernor-General, ubevala uParlamende omutsha obebhekise iswe lonke ukuzi usovulwa nje ubani uNdunu-Nkulu njengoba uGen-Hertzog kanguye onebandhla elikulu kuvesinaye isigaba kuleliBandhla elisondukuketwa. Kepa njengoba sitshilo esinhleni zelelipepa ngesonto elidhlulileyo asti uGen. Smuts uzoba uNdunu-Nkulu noma abesigaba sake beyingo-sene kunabaka Mr. Hertzog, kube njengaloko. Usonciyama emitetweni ahlose ukuyimisa ukuba asekelwe esinye isigaba. Kasike loko kom'miss kahle yini, asiqondi, sizoke silinde'e sibone.

Kuwo onke amaswi kaGovernor General okuyiwona sitanda ukuwavesela abefundi beLanga ilawo apatelele kitina Ndhlu emnyama. Ute, "Ukukuliswa kweNdhlu emnyama nentanzi enasi emisebenzini yeNyonyana, kuya nzokuya kuvasa imihibe emqabileyo kubapati boMbuso. Abapete uMbuso sokubakanyele ukuti isikati sifikile sokuba kuguquluwe imitetempete aba nta, okuyokuti kuketwe iBandh'a oliyokwelulela uMbuso lisizane nawo esindabeni esinesifunda esinkulu sabantu, loko okuyaukwenza abantu bago nde kahle ukubuswa kwaswe."

Nankoke amaswi ashunyayelwe uLord Baxton eCapetown pambi koMp kati w Parlamende, ekipa okuhlonwe abapete uMbuso ngati. Siti kuhle nxatshana uMbuso sekuwukanyela ukuti nati sidinga ukubonelwa enhlalweni yeto njengoba isikundhla sotu sibanzi emisebenzini emise letiwabalibusayo. Yebo, siyakutakaela ukuswa ukuti kuqondwe okokuba sibe nawetu amabandhla ayohlafuna imiteto eqondene nati, singalimde sehlelwe ngapezulu nje ngemiteto esingazange siyisingate Kambe noma lamabandhla etu engayunikwa amandhla okunquma ayo nika abelungu ituba lokuba basi lapo umqondo wabantu umi kona ngodabe oselupambi kwako ePariamende. Kubhekiselwe futi eBandhleni okutiwa liyosizana noHulumeni esindabeni esipatele a kiti. Loku asazi noma singakubonga noma singatini ngoba uHulumeni tina bantu asetembi. Kungaba into enhle kakulu nengasibonisa ukuti ncmpela siqondelwe udaba olulu nza kulelibandhla lokusiswa noHulumeni esindabeni esipatelela kitina besinikwa kulo a vadoda akiti amnyama noma emabili noma ematatu, kuti nakubelungu sinikwe ilungelo lozasiketela esibaziyo ukuti banenhliziyo ngakubantu. Omunye oketwe ukuba ilunga leParlamende wati iNatives Land Act ifile, kepa lelibandhla okukulunywa ngalo lapa kwakukuunywe ngalo kuNative Administration Bill, singazike ngoba amaswi kaLord Buxton atintanga nempela kuleyomiteto yomabili eloku yakulunywa abantu balwa nayo. Isikati sifikile sokuba izindaba ezipatelela kiti zoqutshwe, kungabi iloku kushaywa inqata ngesinto ezipatelela kiti, setenjiswe umnyama onganafu. Tina belanga sizohlala sinencitela masonto onke okwenziwa iBandhla.

IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU

Ikeri likaMr. Jeremish Mtabela ngoApril lizoba yileli: P. O. Box 83, Germiston.

—:o:—

Sewafinyelela kahle ekaya eChikore Rhodesia uMr. Albert Cele. Uzolima iplasi lakwabo loku asedatshuliwe.

—:o:—

Kusanda kutolwa eFrance ngasewandhle intombi yomlungu ifakwe isakeni isifile kepa ikqunywe imilwane omibili ngesaha. Atanokati!

Upindele eZimbokodweni uMafukuzela ngoMsombuluko.

—:o:—

Lapo libabasa ukuti uHertzog nezinye isipiseteli asukwake bal'angile iBible ePariamende beti bayomfela uKing liti kungemagalise uma nesingakoi sakala ngokubona amaagasagata!

—:o:—

Yahlulekile inkampani eskala ekade ibuta isimali zabantu iguma layo Only Economic Building Society & Shilling Bank. Beshonile ke abantu. Banyamalele abaniniyo.

—:o:—

Ukona ochaywe nesombuzo loku abo-Customs Department eDurban babone ezikofiko u£1 nje kepa umtemeti engelisho iguma lake. Ingane abonisiwe welula isigwegwe sezimayo. Yeka ubungcosane bwabanjalo!

—:o:—

Ukuayakasa kwentsha yalapa kiti sokuye kwenwakala nseaMerika kufuselwa ukucuma.

—:o:—

Kukotse uHon. C. J. Krige ukuba uMongameli woMpakati. Ngaye obekade esipete nakodhlula.

—:o:—

Uke wabonakala eTekwini uChief S. Mini waseEdendale ngelidhlula.

—:o:—

Loku kade engasekaya usubayele eTekwini uMr. S. Nyongw na waseMevedasa.

—:o:—

Umkumbi omutsha wokundisa wase Mgun'dhlovu kwati lapo sliqwa wafoh'oseka ngaseScottsville.

—:o:—

Umlungu okade esebenza emgodini eGoli wangena eesti asayeqcina empama eesonjala epiazini lake esetenge nezinkome kanti kabasanga kwavela ingozi wafela lapo.

—:o:—

Urala lo isintambo zokutanga sezibiza 10.1 eEngland. Lapa sesihamba ngapezu kuka 1/-

—:o:—

Umunta eGoli wati usitatela iayama elahliweyo wabanjwa wanquayelwa ukuboshwa noma ahlaule £5.

—:o:—

Umbulali wabanta abalahlwe ukuba bafe eFrance waya emsini otile eti asobulala umuntu walungisa konke wahlala wabheka inyamazane yake leyo. Ute eswa kwatiwa nestetelelwe lowo. Wajabha ngokuhle.

—:o:—

Uma koake kalunga uRev. Q. M Cele upoode ukuagena embunjini ngoApril 16, nomusi wake behambela eMerika.

—:o:—

Kasoko uRev. Simon Msimang owake waba ngumfundisi waseWesili lapa eNatal kepa obese ngowe Independent Methodist of South Africa.

—:o:—

Bekuvaleliswa uRev. N. M. Nduli ngaleliSonto likaMarch 21st lotu eseya eMtwalume.

—:o:—

Uke wati qu ngalapa eNanda uMr S. M. Gumede uMvangeli waseMaanduze ngesonto elidhlulu.

—:o:—

Umlungu wadubula wabalala omuye walimasa kabi nentombi eKimberley ngoba wamspuca yona.

—:o:—

Isikundhla sobaBishop bwasePretoria esisanda kushiywa nguB shop Furse siketelwe uRev. John How waseTrinity College, Cambridge, England.

—:o:—

Usuze wafinyelela umkambi wokundisa osuka eLondon uya eCapetown kepa owasuka pesheya wafa endhlelini sekufika omunye.

—:o:—

Siswa ngoXama ukuti loku ubelapa eTekwini uChief S Mini ubebise amadola ewabikela umsebenzi kaMr. J. T. Gumede eti masiswe ngemali eti utunywe nguMr. Mackato. Bekangayitola imali uma esa noDube noKodebe.

—:o:—

Uyapika uMr. H. S Nkwanyana ukuti uMoses Sibisi ngootshwe abase Church uti wagootshwa ngabanye loku akusiye wase Church. Asazike noma umbhaleli wetu wadhla impundu yini.

—:o:—

Umufi lo esilobe ngaye ngelindhlulu uMrs. W. A. Humphrey ubelewe ngukwopela ngapakati kwenziwa yitumbe. Wagula amahowa amatata wafa. Ubeyindodakazi kaMr. Churchill waseTekwini owa eyisholo esikulu sabantu esinsukwini sakuqala ebalalisa benzakoti emsini wake. Ufele eRondebosch, Cape Town lapo ikaya labo selikona.

—:o:—

Isinduna esimbili uCol. Rynevelt noLieut Brand esindise sisuka eLondon ziti kutste isisuka esine nenxenye ukundisa kwase.

—:o:—

Umlungu eGoli ungenele umkabe ebusuku wamdubula wafa wabuye wadubula nomlamukazi wake.

—:o:—

Usesohede uMr John Msomi waseSikwebezi ngaseTafamasi loku kade esehlezi iminyaka eyisihlanu eloku afelwa yinkosikazi. Usheda ngo-April 6 eP. M. Burg noMiss Betrina S. Nene waseChieveley.

—:o:—

Uti uMr. Valerian Mkize waseHlutankunga kwafa umuntu kona kepa amakolwa afana ukuya kubhula kuSihlambisinye ezwe okumbuleleyo.

EZANENO NAPESHEYA

UKUVULWA kwoMPAKATI.

Kwabe ku olukuia nsuka eCape Town kuvulwa iParlamende kutsiwa leUnion. Iningi lamalunga ayo amasha abe khona. Kungakavulwa ngesupela kwaqalwa ngokuhlangana kwesigaba silungisa amasa nesinkamo'so abesuhambisa ngaso. Ouke amalunga afungiswa nguChief Justice Sir J. Rose-Innes, bonke bafunga ukuti bayamsela uKing George sabalandeli boke ebukuini bwemBritannia beya ngabanc bal'anga iBible noHertzog ombala.

IBIYALUYALU nGERMANY.

Isiadaba simbi eGermany noma sifika isingcingo ngokumfuaza kapesavakala ukuti kade kubheduka impi pombango. Kutiwa abakweseli beyo yisigaba esinavuma uKaiser oswapuma ebukoini. Umboli valesisiyale ngaDr. Von Kapp. Kutiwa kwaliwa kwafa amakulukala abantu, pakati komasi waseBerlin kwabalwana impela naottakwini kamKiel lapo umkumbi wempi ovuna bona labo wapihlisa isindhla. AbaseHulumeni babalekela eStuttgart. Kepa kuswabele ukuti abaye watela uDr. Kapp kaPres. Ebert okunguyena opete umbuso wakona omuaba. Amabuto amaAllies pala esaminite kwaleseRhineland amaNgisi namaFrench namaMerika. Siswa ukuti abaseMerika bate swabo amasuba angalaki sive ngapaadhle kwenwi elivela kuHulumeni wakona.

"KUNGENWA kwaCONSTANTINOPLE.

Akapalaseskanga gazi ngokungena kwempi yamaAllies eConstantinople. Abe eyete ayasabalasa amabuto akona apiT. Guard ahlulwa nawaminya esaseEurope kwase kubanjwa labo abangahle bavasa etali. Poke yabe ize ihlomile ngobo kufike imikumbi yempi namasosha amaningi nombayimbayi abaningi kwabonakala ukuti amaTerk ayobe asicome emevesi ama eti aqotsele ekuiweni Kwakutona nabaka-Mahomedo baseIndia behlome ngakumaAllies. Kepa kuyawakala ukube kutona isikalo esikulu kamaSulamani ukuti angepile umusi wabo ongewele ngumbuswa ngumisadeli kaMahomet

ISINQUMO SIKAGEN. SMUTS

Njengoba ukuvota nonyaka kwemele kabi abe South African Party ngemicqondo eyabe seyiti uGen. Smuts unoyaka ukupata isindaba angume nkaba 'aqube ase ahlulwe vilo ibasithla. Lonke iswe liyamvumela kuloko ngoba uHertzog sagenikwe isindaba sezwe onapete lomqaqambelo wokuhlamuka uKing. Kwetembeka ukuba uzoquba kahle.

IMPI EZAYO NGO1935.

Awahlosisi amaJelimase ngokuti wona awadelile ngalempi. Ati ngo1935 iyavuka futi impi ukuba nawo akipe inya lokwahlulwa kule. Ati ayaqala ngalo futi iBelgium. Amapokopele kakula akucobosa iLondon ngesimbambulu ati aliyeka ngabomu kule epelileyo. Bayala nje bati ngaleyompi kuyaba isijingi, abanta bayakufa okungazange kubonwe.

U DR. JOWITT aDURHAM CATHEDRAL.

Ngalonyanga elileyo amfundisi omkulu waseNgilande uDr. Jowitt owaswa wonke umhlaba ngamandhla ake okuchumayela wacmenyelwe umkosi omkulu eDurham Cathedral lapo kwagcwala abapisi 7,000 besonwa eshumayela. Lento yabe iyingqala eChurch of England ukuba iPulpit yesonto lakona ikwelwe ngumuntu ongagcotshwanga umBishop. Akuvamanga ukuba adhambe omunye umfundisi weBandhla lakona waseKuma pakati kwenkonxo wati umhlolo lo owenziwayo yena kavumelani nese nako. Bambambe bamkipa yasale yahamba istshumayelo. Kubonisa ukuti udonga olukade lwahlukanise amaBandhla kaKristu luyaqala ukudilika. Sekuyasanywa kakulu ukuba kubayelwane amaBandhla amhlope Pesheya naneno.

IZISTRAIKI.

Kubikwa yonke indawo ukuti kuseka isiduno sokuyeka umsebenzi ngenxa yendhlela yemali. Sesi siningi sinjengomkuhlane wesulu kade lina. Kutiwa eRhodesia abasitimela badubise yonke into imi kona yesitimela waseBloemfontein kade bedubile abatengeli bamesilara kwabuya kweswiwana. Iswe elingakabi naso istraiki liyabonga kulemihla. Kavunguyeka eGoli isisebenzi samaBanke naso sifuna imali.

ISIDUMO NO KAISER.

Ngenxa yalesisidumo ekade sise-Germany amehlo onke abheka kuKaiser ukuti kahlangene yini naso. Ibandhla liyasola ngoba isibambeli esiya kuye kuya isindwendwe. Bati abaseHolland asezosuswa eAmerongen loku kwedase nomncole weGermany ayohlaliswe esifundeni saseUtrecht.

EZE PALAMENDE.

Seaike sapatwa ePariamende. Mdhla livulwayo uLord Buxton wata okuhlo swe umbuso wapata nendhlu emnyama wati kuhlosiwe ukuketa elabantu ibaudhla lokululeka uHulumeni ngesindaba esipatelele kubantu.

Lapo omunye obuse ukuti kuyokwenziwa njani ngomteto wokwahlukanisa abantu kubelungu uHulumeni uto usukuyekile loko ngoode ukuquba loko okushiwo nguGovernor General.

EYASE NYTAL.

Ingene eyase Natal iProvincial Council ukuqeda imisebensana yayo. Kepa isopela ngoMay 21, kuketwe entaba.

Ezase Tekwini.

Liquqabela iTeku pesa komlilo oshisayo nzapakati wekufasa imali nokudikila amasebonzi, litole lite owaka, kepa angabe nyakuiwe nalowo bone nje ukuti ihandhla loli okwenamhla lise "Ufafa pakati" kuhle kwebuto lonkosi. Kepa kumfunde nza abelungu bengemi ngoono lapo iyoqakaza kona akwenziwa. Basuwayaisiquku nza bevede betalisa ngalaga zangalapa. Akuko ukutala. Ungase usisuke utona isisiba siswabila ngapezulu kanti pand odaba. Nza bengalukukulazi kusenamhla, loqabuka ngaye imini.

o o o

Abantu eLocation bakaodosa ngenxe engatandekiyo. Balala bahlangana, isompa esadlasi. Amawala aka-Mr. Marwick afika lapa eTekwini ef'una abantu bokuyasiela kona, ahambe nje exepelile ngoba engenasi ukuti asobafakapi.

o o o

Abantu bati, yena uMr. Marwick ahambe engasasibiza-ga wase kovale lise nje loku wase xitina wati sizotiani ?

o o o

Isikole sasemini nenangakuahlwa sipetwe uDr. Lorem manje. Imiteto yako isiqavile. Kukona imsambazo eyafundisa otisha isindhlela sokufundisa, abahlangana kuyo bonke eGrey Street School ngolwesiTata ibakalipiwe.

o o o

Isinsiwa sishaye ucingo iwase umusi wowa ngemikatshana ukuti kubonakale uMafukuzela eTekwini usjabula nefa siti usubayile, isihlati sehla nxa sicaselwa ukuti iya amanga umte nje qa ngemisebenzana otile, akafesi kahle abiselwa kona eGoli. Usebaye wapindela kona Esimbokodweni.

o o o

Siyabona ukuti ihlobo seliyadhliwa emakaya ngoba isinsiswe nxa sikade sisonte ekaya, ngemisombuluko esifika sipete imfe. Imvula ikujojisile ukudhla esinkangala kepa lituie emahlanzeni.

o o o

Amadoda aseTekwini asingete udaba olubile lokwenzela iMagistrate Brandon iAddress. Bati wabapamba wahamba bengakabi nalo itaba lokuhlangana. Isi sesandhleni somenzi wezinto esinye.

o o o

Siswa ukuti isolo ngolwesine kusihlwa eTekwini kukona ishlangano yegatsha like Congress eqonde ukukulela abantu abadutshatwa eGoli nokuti uHulumeni kufanele syipenye leyo ndaba. Sengati abalele eXamu-kavunjelwa.

o o o

Njengoba ngasho ngati ngonibikela uma seyiketiwe iPresident yeD. & D. N. F. A. bakote uMr. Josiah Cele owake waba nguSecretary wamaLions eP. M. Burg ngeminye iminyaka waba nguCaptain wamaWild Zebras aa'Ohlange futi nonyaka ubesekotelwe ukuba abeyiSecretary yamaBushbucks.

o o o

Isikundhla sikaAssociation nonyaka simi kanje:—

J. B. Cele President.
W. F. Bhulose Vice President
P. L. Kanyile Secretary.

o o o

Imvula lapa eTekwini seyisikatsaile singasayidingi, angasi ukuti kade ihlelipi ngesikati sokulima.

o o o

Sike sabona uMiss Gertrude Luhlongwane lapa eTekwini ngoMqibelo. Kufike lapo uMrs. L. P. Zama waseMtwalumi ubukeka epilile.

o o o

UKopelotsheni usaqumile ukuba asokwaka isitali sibe siaye sabawini bonke babuyele ndawonye.

o o o

Sesavulwa isikole sabantwana eNew Native Location. Sipetwe nguMr. Ephraim Vilakazi waseGroutville okade efundise eAdams M. S.

o o o

NgoMqibelo March 20, 1920 kwesebese amaNatal Cannons namaBush-Bucks amuko noyedwa owavelayo enkundhleni.

Sohlengwa ngubanike ?

VALETUDINARIANISM benoUTILITARIANISM.

(Ngu W. B. TSHABALALA.)

Vuma Mhleli kengetule nasi isiqingata esingimi empinjeni. Ake ashicilele ndoda yamadoda. Ngisiqondise "kontenga." Ngokuti ntanga angiqonde bentanga basetafeni obeyamese nobungqwele bakona bokuti ubani esakweqela amatole, ngisho ubuntanga basekufandisweni, kulabo abakuluma isiNgisi nesiBhuna.

E, bontanga yami ngicela ukuyeya ngifuna kusingcwekisane ngesiqalekiso sokuqala esitunaza ngeso "Isizwe" sakiti. Lesisiqalekiso sinakekile, kanti ngokusenza kwetu sisenza inhlekisa kwesiaye isizwe. Sibonakalisa ubuntakataka betu. Sisifanisa noVumasonke boHambo loMhambi.

Ngapambi koba nginityene ukuti ngisho ngani, ngicela ukuba kenibe nesineke, nilahlwabulisise loludaba uma sengitubeke obala. Kumuntu okuse ngumuntu, nza elucingisisa laya danisa, futi lubanga isibibitwane. Ukuse ke nahlule kahle akenisipenduleli lemibuswana syobonakala kwelisayo.

[Iyoqutshwa kwelisayo]

Ezase Goli.

UMr. Tobbey Mashumi Gumede upome ngapambili owachetswe loala lokuti babulale iLeu eFidusi. Ipame isisukelile into kaNdongosi.

o o o

UMr. James Madiba wakwaDamina loku wayehle ngesidumo sokugula kwenkomikazi usubayile, nayo yapepa. Sengati umusoka kona esondenzile edetala.

o o o

Seloku wehle uMr. Walter James Gumede akeswakati ukubaya. Isikala sake kubelunga bake sikala.

o o o

Ubhokile umuoli uP. kaL. Seme abakipa ngapambili sekumayama. Hamba, Hlaban sihlangana, Magwasa engangwini.

o o o

Bayala nje ababekona eKonstini yeCongress kaRev. Mvayana bati imbongikazi uMiss Nomsisi Mqweto waseevela ngesi. Elinye ihlala lase-Mkomasi bati kwagqubuka isiqiho liti sclicsane konke.

o o o

Siyajabula ukuswa ukuti uMr. A. Mgobhozi owaciiye waliqaswa isikwengci sika laita ngom'mose asango alale napansi yadhlula yasebenza inkosi esidwayidwa. Sengati isiyehla inkabi.

o o o

UMr. Francis Magunyane usolapa ngasenkonxo loku wapehle egula. Sewasinda. Aibongwe iNkosi.

o o o

Siyadabuka ukuswa ukuti ugule kabi uMr. Egginie Makuta ngulela kwaMrs. Gqiba. Sengati iNkosi ingasaye apepe kulolusizi akulo.

o o o

Siswa ngabaiki bebunda ukuti imbongikazi uMiss Mqweto, isuovakushela eMahlongwa ebusika, yehlala kaChief Mgoboai.

Ezase Edwaleni.

(NGU MEHLWEMAMBA.)

Idwala elisentabeni lihlala linjalo njengoba lelidwala umuntu angeke alisebenzise kodwa ngesiweda uyapepola kulo.

o o o

Tina isiteshi nesitolo sisibona ngemva kwesinyanga esisihlanu.

o o o

Umapipa ngesamba emalini yake ufike abukuule lapa Edwaleni, nokipa intsete ngomlomo uyakuula, nowehlulwa umhlaba ngoba ejiyele ukuti wensenjani, uyakowa.

o o o

Tina esake kulendawo esifaki bhulukwe nalokwe, kodwa ibheshe nesidwaba. Nesikole nesicatalo ngemva kweta.

o o o

Kanti uNyamezelo lolu lunyamezela ukuyotengisa esitolo ngemimbi'a, hai ukuhamba luye esindaweni esimbi nesikude? Ake ninyamezele ukuza eEdwaleni.

o o o

Maye sintombi lanicutshwa ngaleto nina, nosekafikile nje kalangile, nesilevu esimhlope nisiraqa ngaso nje. Niboke nikuse imihlola inshlela niyeke ukunkenkela izo ingati nimunete isumbane elishimayo.

o o o

Umlomo onsmesinye sagageswa unoseede otandwa impakane.

o o o

Halala wetu Skinkili! akuyi ngokufika nesisi 12. Tina sehluleka ukubona amehlo emvukuzane wena wawabona. Linga futi lapo ngapesheya.

o o o

We Skinkili bulissni lapo kubantwana ninoNgubeyetafula.

o o o

Zintombi kunjani? Kwavama abantwana abanjengesambane lihlinsiwe? Kuyala ningasenwayi esibononi ?

o o o

Yeboke nsizwa yesitala eLocation yabantu eTekwini ingati ngingasi njengawe, sigwili.

Obonga umuti wakwa Lacombe.

F. L. Dawber Esq.,

The Lacombe *Drug* Store,

509, West Street,

Durban.

Mngane otandekayo,— Impela mclapi ositobileyo ngisola ibalana epe peni lako ukuba ngasise isihlobo sami usizo olumangalisayo engilususe emto la mpilo.

Bese nghilupeke kansima ngobuhlu ngu kunkositasi yami, obeguliswa isinye sekuciabe ukupala iminyaka emibili ngimhambisa kodotela kodwa eseni, Ke ngase ngati make ngilinge ukofukofu kungeko temba nese noko ngegabha elilodwa usesindile, impela ngiyambonga ukofukofu. Ungumuti onamandhla futi ke wokuhamba isiguli sake esikude ngezincwadi. Opetwe isifo esinjengesami akasiputumele ayekwa Lacombe atshetshise. "Imbila yeswela umsila ngokuyalesela" bantu bakiti. Ngiyabonga ngiyawutusa ukofukofu

Sengima kwalapo,
Imina obongayo,
ALBERT NZIMANDE.

Imisebenzi yaweMoya

Nati sinsukuzi yempofeti lapa eHlobane okuluma neNkosi umlomo nomlomo.

Uti, Ningibona aje ngiyafika ngivala ekwandhla bangihambo noTixo izolo, esfica ekwandhla lesiqoqo aje kwati ebesuka mhambe naye uTixo ewakabeka abafikeyo sipete isibanzela noTixo. "Sikufico bonke labo abafikeyo sebenzile. Wati uTixo kimi, Baskaye Mkwanasi. Ngabeshaya wazo wahleka noTixo ngoko lapo ngibashayayo. Bavaka bonke baba ngamsila onkulu. Uti futi, Ngitanyeye ukuba ngitubeke ukitetwa nalBeta noNkosi ukuba babhagatise abantu futi bapame bonke kubulunga, kulahlwe yonke imikuba yabelunga silobele nabasebenzayo bapame emadolobheni bayeke nemisebenzi yabelunga.

Ati amadoda lapa esewe yonke inkulumo yake, Cal Mkwanasi wehlelwe uMoya wamanga ake ayeke ukushamayela. Habe! wavuka uMkwanasi wati, Habe! niyasihlolela. Kukona okuzosohlela. Ngabekwa yini? Niyangasi? Ngingabuni? Bati tina asi ukuti ungaNifren Mkwanasi, wati yena, Ca, ngingaJohane nemBapatisi. Ngezinsuku zhambe ekesecesim issimbi esandhleni esihamayela. Wange na komanye amasi wakwa-Zulu kusihlwa wabina enye intombana yaBandhla, wati, uti uTixo asikupukele pesulu eHlobane siye kutandesa. Yasuka intombazane yabikela oyise, oyise bati, Hlala, umloyo! Aike wedhlula. Abakamboni abase Zion apabe sebemtete ake abasize bona betanda amapapo.

OWAZIPONSA EMLILWENI WAFA.

UKornelius Kumalo wabapatiswa ebandhleni waseShesho eBabenango, ste ukuba asonte eZion wase engenwa nguMoya waseZion, site simetaka wasehlese eti, Tatatatatata! Sibuse siti wawasenzani pela Kumalo? Ati kudhlalisela isingeloni.

Ngeliaye ilanga wangena endhlini yasonqingayi kona eBabanango wase'a ukusonta. Bate abantu beti balalele iswi leNkosi bamswa eseti, Tata tatatatata, uMayamana noCetshwayo no-Jesu baboshiwe eNquta! Awu bahlakazeka abanta bamshiya. Ipolisa lati, awu, sikude ukukolwa. Ngake ngeiasa nesiboshwa ejele ngiswe abefundisi beshumayela angizange ngiswe ukuti noJesu uyaboshwa.. NguMoya oyingowele ke lowo basalwane? Umoya wabaprofeti bakaBali wona wangenapi? Qapelani maZion.

Yena loKornelius Kumalo wahamba waya kusebenza eNewcastle wafica abantu besonta otutwini lwendunduma yamalahle, Wati, nimi laps nje mina ngingahamba pesu kwawo ngingaseki, ngegama leNkosi. Bati abantu, suka ungesha. Wapika inkani watitiza waya. Bambamba wase wapanyula wangena emliweni wapumela ngale esembhoshana pa, wafa.

Bayabusa oxamu ekweseni,

S. D. SIMELANE.

Ningisimu,
Mahashini Store,
Nongoma P. O.
Zululand.

U Ngobamakosi

Umhlanganowe weExecutive Committee kawaTeacher baseNatal nakwa-Zulu ebuhlangene eDurban ngaye aMarch lona. Kwati ngoba asiswele indawo yokuba sihlangane'e kuyo sacela umnomsane waseIndia owasiwaya uMr. A. E. Tyeb uNgobamakosi, wavuma nendhlu yake enhle, lapo kwakuhlala kona inkosi yohlanga Iwama Zulu, uSolomon ka Dinuzulu. Sasebenza kahle site lapo sesiti siya ekudhlesi kwasemisi wati, qa, hlalani, ngiqonde ukuba nidhle kwani. Wasibizela endhlini yokudhla. Kanti sselangise kwamhlope amatafula. Imilense yesihxaohu, okoli babelungu, omazambase, omaRice, oputile besinhlobonhlobo. Wati esengenisa isitelo, saoBanana, grapes, apples, nesicefecefe samaCake asemlangwini ase sitshipeke isinhlizi-yi; sadada nje. Impela wasimangalisa ngokuchila okuningi okupambili kwasemshotela. Kanti nye walanda iLady elipambili uMrs. Atkins waseTekwini akuba asopeka leso sibiliboco. Sabona nje nati ukuti isimbisa zipetwe ngaseNkilandi.

Ukwenza loku uNgobamakosi wade a[illegible]ensela abantu izinto ezipamili [illegible]ali kakulu bona oTeacher. Wake wasenzela elikulu iBanquet, salidhla sadada. Wati lapo ebongwa yiChairman. ngento enkulu asenzela yona, Wati qa, nibona ngida ngancibilikela ukunitokoza nje ngiye ngicabange ukuba sipila ngani, ngakoke kufanele sibonise uhlangoti lweta lokubona nati. Futi wati uyatanda ukubona abantu abapucukile beqobekela pambi'i, babe abato'i besizwe sakubo ngendhlela enhle.

Syabonga Ngobamakosi, ungadinwa nangomuso.

Imina,

wsCOMMITTEE.

UMUTI WESIKOMOLOLO.

Lungisa lesisiu esingapilile ngokuginga ingcozana isinhlanvana zikaChamberlain, kuyati loko kudana nokupela itemba kunyamalale kuhle komlingo. Zingumuti wesikomolo'o. Zitengiswa yibo bonke abalengisi.

Ukutunywa kukaSobantu.

(Iqutshwa kwelidhlulo)

Nibokumbula niqonde ukuti indaba enhle yesiniaya iyavuma ukudenjelwa ngamhlaba kodwa isidaba yamenga nobutata ivama ukulalelwe njalo ngabantu, kufane naleto lokuti "Elimpofana livunywa kamava." Kungaloloko ukuba iswi elihle likaSobantu lokuvuma iswe lekiti laputa, kwaqina elohlanya olungabatandiyo abantu. Kwesukubuswa isingane zabantu abapetwe yizinduna zikaSomtseu sodwa, abahlonipa uHulumeni.

Kwasokaswakala iswi lokuti uHulumeni uti abantu bonke mabaqoke bangahambise bevuzile amabhetsha nesicene nemitsha kube ukupela, ikakala inxa beya emisini yabelungu njengaseMgungundhlovu naseTekwini naseMaambiti naseMgungundhlovana naminye. Kwaba buhlungu pakati kwabantu loko. Kukuyo ieyonkati lapo kwagamuka amewayo wasema-Qadini owabe uhaya lelowi lokuti makangqokwe wokuti;-

"Woye! Woye! sobehlangene!
Siswa beti, kwintsha!
Kahle lapa, sisihambele!
Siswa beti, kwintsha!
Iswe lingapendaka, Ngobazita."

NoMagwasa futi wabeka inja kuleyonkati, wayiqamba ngebizo lokuti ngaSokuqqoka, eyabe inamandhla kakulu, eyayibamba izinyamazane esiyishumi ngelanga lilinye, noma kumbe isinsimba esininji, eyakwenza yakwenza loko kwase kwagoinwa ngokutenga iakomo ngesikumba esibanjwa yiyo.

IV. Kutsle kwatula kweswakala kaloku ukuti sesiyabutwa kaloku isingane. Kanti kulapa esefikile aSobanta. Lapoke seku unyaka ka1855. Uswanike? yafika Indhlondhlo emehlo'mane yse'Ekukanyeni — UMapilipili onjengesulu lihloma, O'ndaba zifika kugala petsheya; Umatshetsh'afike eNkilande; Inkosi yokutula.

Wafikela emGungundhlovu, endhlini engalapo sekumi iSchool-Chapel naseSt. Mary's, Pietermaritzburg, esikoleni eseloko sapatiswa uMoses Sibisi ngaku Burger St. umhlanje. Ekukanyeni lapaya kwakuhlezi uRev. Walter Bough owabefundisa isingane kanye nenkosazana uMiss Saunderson (owagcina ngokwendela kuRev. Mr. Hivett) owabese Mgungundhlovu yena kuleyonkati. Kuhlezi aNonjinzela eliye uNomankeletsha wakwaNquku, owabe yindodana kaDokotwane kaNontshebe wakwaCamu. UNonjinzela lowo wabe elinda iheshi likaSobantu elimpofu elalibiswa ngegama lokuti ngaJim; okwahamba kwahamba naye uNomankeletsha lowo wasa wagcina ngokubiswa ngalo lelobizo lehshi naye, kwatiwe ngaJim Dokotwane.

Ekukanyeni lapo kwaku yihlane kuleyonkati, ingakabiko imizi yabantu lena eminingi, kwaknse okaNtenteni wakwaMajozi, nokaNdengesi tibisi ayise kaNsimango, nokaJibekabeni ka Ngcobesa wakwaZondi, nokaNsimbakazi wakwaPakati, engakafiki aMvubu kaTshongwe wakwaMkize nomusi wake omkulu owagcina ngokupama imizi eminingi 'oMfacane kaMpalampala wakwaMkize, Nyokana wakwaMadondo, Bhukwini kaChiozi umfowabo kaMvubu, Mhlaza ka'Mzakaza wakwaRadebe' bengakafiki bonke laba abagcine ngokugcwaliza izwe las'Ekukanyeni. Ngingembale aJoktwane kaNotsheke ngoba yena kaseloku kwaku noyize uNontshebe. Angiliete futi elaseMkambatini, oseleku kwaku yizwe likaSojuba wakwaMajola endolo lapa ese wagodukela kona, osezele emadolana emaningi, oMxakaza, Bakanyise, Ndimindwane nabanye abaningi.

V. Njengokuba emhlanganweni lapo kwakumiswe ukuti akube yilowo nmumsane akipe indodana yake enkulu eyindhlalifa, ati onendhlelifa esoyikulile akipe umnawa wake oyakumela, kungaloko ukuba kwaba yilowo wakipa indodana enkulu yakwabo; wati okipe indodana yendhlu encane kwazondeka loko kwabomuzi wakubo, kwafana songati uyabekwa lowo okishiweyo ukuya kufunda. Ngakoke kwabutwa aba amakosana kumbe aba abanawa bamakosana, labo ababapateleyo.

Kwakukona uWilliam Ngidi, owabe pame ngaseTafamasi, eganwe yindodakazi kaVete kaMatambalala wakwaTshangase, esenamadodakazi amabili uEllen noGrace. Yena wafika Ekukanyeni ezekusiza uSobantu ekumusheni amaswi asakukitshwa ezincwadini zabelungu spenduleiwe kwolwabantu. Lowo mfo kaDuzane kaTshobholo wabe nabafowabo ababili, oBhetshu (owabe esemdala yena esekade ebutwe iSangqu kwaZulu eganwe yindodakazi kaMdiliza wakwa-Ngcobo, noJonathan owabe inkosana kaDuzane, eganwe yinkosazane ka-Dube inkosi yasemaQadini, engadade wabo kaJames Dube. Labake bafikela muva Ekukanyeni, belandela umfo wabo uWilliam. Ngokungalwasi ulimi lwabelungu kambe, sasiti baya-"kwitiza bati "kwiti-kwiti," kanti okuyisimiya, nabo bayakuluma njengati. Ngalobe bututa, ubeti uMr. Baugh lapa ekuleka kuloku kwemihla okupata izwi lokuti, "Tina banta bako abangafanele," asuke uWilliam Ngidi asitshele ukuti "Asinamnewadi wonani," ezhlamvini yokuti "We thine unworthy servants."